an agency of the
Department of Sport, Arts & Culture
**The KwaZulu-Natal Performing Arts Company**
**Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998(Act No 119 of 1998) on 01 April 2003**
**PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa**
**Tel: (031) 3699555, Fax: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Tel (031) 208 4171 Fax: (031) 208 4162**
**http://www.playhousecompany.com**

**I- PLAYHOUSE COMPANY**

**IMISEBENZI YOKUCWANINGWA KWAMABHUKU E- PLAYHOUSE COMPANY ISIKHATHI ESIYIMINYAKA EMI-3.**

**INKOMBA: PHC 78/2023**

I- Playhouse Company yiNkampani Yezobuciko erejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ngenhloso yokuqhakambisa ezobuCiko Namasiko KwaZulu- Natali.

Ababhidayo bayanxuswa ukuba bafake izicelo zabo zokubhidela iMisebenzi Yokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi e-Playhouse Company isikhathi esiyiminyaka emithathu (3 ) kusukela **lulunye (1) kuMbasa wezi-2024** kuya zingama -**31 kuNdasa wezi-2027**.

Umsebenzio uzobe uhlanganisa lokhu okulandelayo nokunye:

1. Ukucwaningwa kwamabhuku ezezimali
2. Ukucwaningwa kwamabhuku maqondana nokulandelwa kwemigomo ebekiwe
3. Ukucwaningwa kwamabhuku maqondana nokwenziwa komsebenzi
4. Ukucwaningwa kwamabhuku maqondana namakhompyutha
5. Uphenyo (olunzulu) uma kunesidingo, kanye
6. Nemiklamo eqhamuka esikhaleni ingahlelelwe uma kunesidingo.

**Lapha ngenzansi yizinto ezidingekayo kanye nemiqulu okumele uyilethe ukuqiniseka ukufaneleka kwakho ukubhidela ithenda:**

- Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlinzeka ngemisebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
- Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela (Valid Tax Clearance certificate) noma inombolomfihlo (pin) owayithola ka- SARS;
- Isitifiketi esisemthethweni se-B-BBEE kumbe isitatimende esifungelwe.
- Umbiko Wokucwaningwa kwezitatimende zezimali weminyaka emi-3 edlule osanda kwenziwa
- Ifomu le-SBD eligcwalisiwe futhi lasayinwa
- Amathenda/ izilinganisomanani zokwenza le misebenzi kumele zilethwe mathupha kuleli kheli elibalulwe lapha ngezansi.

Imiqulu yamathenda iyatholakala kusizindalwazi samathenda kanye naseNhlokohhovisi yase-Playhouse Company, ku-29 Acutt Street kusukela mhla **zizine (04) kuNcwaba wezi-2023.** Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe imali engukheshi engu- R 350 ongayukubuyiselwa yona.

**Usuku lokuvala l**okulethwa kwamathenda ngumhla zizine(**04 ) kuMandulo wezi-2023** ngo-**11h00 ekuseni.** Angeke zibhekwe izethulo zamathenda ezilethwe sekudlule isikhathi. Izecelo kumele zilethwe zifakwe emvilophini ebhalwe ngokucacile, yavalwa; zibhekiswe koyiSikhulu Esiphezulu e -The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

Uma unemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noMnu. Siya Manqele kule nombolo yocingo: 031- 369 9507 noma kule i-imeyili: accountingassistant@playhousecompany.com